



# **Ugogo nekati lakhe uFiki**

IsiZulu

Pandelani Claudine Rambau



# **Ugogo nekati lakhe uFiki**

Ibhalwe ngu Pandelani Claudine Rambau  
Kufanekiselwa ngu Heidel Dedekind



Kuhunyushwe ngu Samkelisiwe Nyathi

Ngelinye ilanga lapho u Gogo esusa  
ukusanhlamvu emmbileni, kwafika ikati.  
Ikat i lalinemibala emnyama nemhlophe.  
U Gogo wayengazi ukuthi ikati lalivelaphi.  
Wavumela ikati ukuthi lisondele kuye.



Ugogo wase ememeza ikati ethi “Fiki, Fiki!”  
Ikati liphendule lathi: “miyawuu,” ngenkathi  
lisondela eduze kukaGogo, lisho  
liphakamisela umsila walo emoyeni.  
Ugogo wabe eseliphakamisa  
ikati ethi “Fiki, Fiki!”





Ugogo wabona ukuthi uFiki ulambile,  
ngakho-ke wapheka uphuthu nobisi.  
Wamunika ukudla, wadla, wasutha.  
Ngemuva kokudla, uFiki walalala  
eduze nogogo.

Ngezinsuku lapho uGogo ayedla  
inyama, wayexuba iphalishi nesobo  
akunike uFiki wakhe. Wayephinde  
anikeze uFiki amathambo ukuthi  
awahlfune. UFiki akabuyelanga  
ekhaya lakhe. Ebusuku uFiki ubelala  
endlini ngaphansi kwetafula.





Ngolunye usuku wabulala igundane  
elalingaphakathi endlini.

Ugogo wayejabule ngokuthi uFiki ubulale  
igundane. Amagundane abangelwa  
umbila ugogo ubewufaka ezikhwameni  
bese ebeka lezikhwama endlini.



UGogo wathengela uFiki umbhede  
ebezolala kuwo. Wamuthengela ingubo  
enoboya, ukuze uFiki angazizwa ebanda.  
UFiki waqala ukulala egumbini lapho  
kugcinwa khona umbhila.  
Ekupheleni kwesonto, uFiki wase ebulale  
wonke amagundane.



Lapho kuvalwa izikole, u-Unathi, u-Ifa,  
u-Athi noWami bavakashela ugogo.  
Izingane zikujabulele ukudlala noFiki.  
U-Athi wayekujabulela ukondla uFiki.

Ngosuku lukakhimus, uFiki wanikezwa ukudla okuningi. Ngalolo suku, uFiki wadla inyama kuphela ngoba kwakukhona inyama eningi. U-Athi uzame ukunika uFiki amaswidi namachips, kodwa uFiki akawadlanga. Wayengazi ukuthi amakati awadli maswidi.





Ngesonto elingemuva kakhismusi, abantu bathenga iziqhumane. Ngosuku olwandulela unyaka omusha, iziqhumane zikhonjiswe ezindlini ezechlukene. Kwakukhona ukuhalalisa okukhulu enjabulo. UFiki wagijima wacasha ngaphansi kombhede.

Ekuseni ugogo wahamba wayofuna uFiki.

Wamubiza kodwa wangamuthola.

Ugogo wavusa abazukulu bakhe ukuba  
basiza ekufuneni uFiki.

Babheka lapho avame ukulala khona kodwa  
abamutholanga.





UFiki utholakele ecashe ngaphansi  
kombhede. Ugodo wamemeza, “Fiki! Fiki!”  
ngenkathi emuphatha. Ugogo uthe izinja  
namakati zisaba iziqhumane.  
UFiki ujabule kakhulu ngokuthi iziqhumane  
zase ziphelile.

# **UKUBONGA**

**Ibhalwe ngu**

Pandelani Claudine Rambau

**Kufanekiselwa ngu**

Heidel Dedekind

**Mhleli 1**

Mukondeleli Constance Nembahe

**Mhleli 2**

Ndivhuwo Mulaudzi

**Umklami**

PixelPing Design

**Umhumushi**

Samkelisiwe Nyathi

**Umqinisekisi Wekhwalithi**

Patricia Siweya



ISBN 978-0-638-00707-7



**basic education**

Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

